**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WE-PET PROJECT MHLAKA 27 SEPTEMBER 2008.**

**Ngiyanibingelela**

- Ukulethwa kwengqalasizinda yomgwaqo kuxhumene kakhulu nokuphepha kwezingane zesikole. Yingakho kunengxenye yesabelomali ebhekela ukuphepha kwezingane zesikole ezingenawo amabhuloho okuwela imifula nemigwaqo uma ziya esikoleni.

- Ezinye izingane zibanjwa yizingwenya ngenkathi zizama ukuwela umfula. Kukhona nasebekhunjulwa ngesibindi abasikhombisa ngokusiza ozakwabo ukuthi bakwazi ukubhala izivivinyo ngokuthi bawele umfula ogcwele bethwele amaphepha okuhlolwa emakhanda.

- Kukhona ukuxhumana nokuqondana kwezinto phakathi kwesikole nomgwaqo. Umgwaqo nesikole kokubili kusiza abantu ukuthi bafinyelele endaweni ethile empilweni.

- Ubani ongangitshela ukuthi kukuphi ukuxhumana phakathi kwesikole nomgwaqo? Ngabe isikole nomgwaqo kuyabaholela abantu empilweni engcono? Ngabe umgwaqo nesikole kuyabenza abantu bathuthuke? Imigwaqo nezikole ngezinye zezinto lapho uhulumeni efaka izimali ezinkulu zokwenza impilo engcono.

- Isikole sikunika umgwaqo noma indlela ezokwenza ufeze amaphupho akho njengokuba unjiniyela ozokwazi ukuhlela imigwaqo esiyisebenzisayo ukuya esikoleni. UMnyango wami ukhonela ukuqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka futhi kwenzeka ngokuphepha.

- Yingakho-ke kungijabulisa ukuba yingxenye yalo mcimbi namhlanje okuqinisekisa ukuzibophezela kwethu njengohulumeni ukuqinisekisa ukuphepha kwabantu bakithi emgwaqeni.

- Uhlelo lwe-Participatory Education Techniques (PET) lungolunye lwezinhlelo zokuphepha emgwaqeni esezibe impumelelo, oluhlose ukunika abafundi amakhono okucwaninga, amakhono okuhlela umsebenzi, amakhono okwethula umsebenzi nokukwazi ukucabanga ngendlela eletha uguquko neyakhayo.

- Kuyakhuthaza ukuthi njengabafundi, manje senikwazi ukubona lapho kunezinkinga zokuphepha emgwaqeni emiphakathini yenu, bese nenza ucwaningo niqhamuke nezixazululo kuleyo nkinga. Kumele nikhumbule ukuthi lezi zinkinga enizivezayo ziyabhekisiswa ngonjiniyela nochwepheshe bezokuphepha emgwaqeni ukuthi zingesetshenziswe yini uphiko lwethu lwezokuphepha emgwaqeni.

- Njengothisha nami uqobo, ngiyaneluleka ukuthi nihloniphe othisha benu. Ninethuba elihle manje lokuthi nithole imfundo engcono. Indlela eniziphatha ngayo emsebenzini wesikole nokuhloniphana nodwa yikona okuzobakhuthaza nothisha benu.

- Kumele nibhekelele izikole nemfundo yenu. Ningavumi ukuphazanyiswa othisha abangafuni ukwenza umsebenzi ngendlela. Nani kumele nizihluphe ngomsebenzi wenu, njengoba kusho isisho samaShayina sithi: “Uthisha uvula umnyango, wena uyazingenela.”

- Ngaphandle kwe-PET nezinye izinhlelo zokuphepha emgwaqeni esizenzayo nezikole, uMnyango wami unezinye izinhlelo zokufunda ezisiza abafundi ikakhulukazi emkhakheni wobuchwepheshe nobunjiniyela.

- Sihambela izikole lapho sigqugquzela abafundi ukuthi bathathe umkhakha wobunjiniyela nokuthi bafunde iScience neMathematics. Ngesikhathi sivakashela izikole, abafundi bakhonjiswa lapho kuqhubeka khona umsebenzi wokwakha bese bechazelwa ngalowo msebenzi.

- Kukhona nekomiti elibhekele ukukhishwa kosizo lwezimali kubafundi basenyuvesi abenza izifundo zeTechnical and Civil Engineering. Uma sikhipha le mifundaze, senza isivumelwano sokuthi uma beqeda izifundo zabo, bazosebenzela uMnyango isikhathi esingekho ngaphansi kweminyaka abaxhaswe ngayo ngezimali.

- Konke lokhu kwenzelwa ukunika amathuba nokuthuthukisa amakhono kubantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini – ukuze bakwazi nabo ukuba neqhaza emnothweni wethu. Ngiyaninxusa-ke ukuthi niwasebenzise la mathuba nifake izicelo zosizo lwezimali.

- Ngifisa ukubonga othishanhloko, othisha nemikhandlu yokuphathwa kwezikole ngokutshala isiko lokuphepha emgwaqeni kulezi zingane. Ngithulela isigqoko abasebenzi boMnyango nomphakathi okhona lapha ngokunikela ngesikhathi sabo kulo mcimbi. Ngiyaninxusa ukuthi nibasize labafana namantombazane ukuthi bafeze amaphupho abo ngemfundo.

**Ngiyabonga.**